ISIFUNDO SESIKOLE
SESABATHA SABADALA

SEVENTH-DAY ADVENTIST CHURCH

3 IVANGELI KWABASEGALATHIYA



Okuqukethwe

1	UPawulu: Umphostoli Kwabezizwe—Nhlangulana 24 – 30	6
2	Igunya likaPawulu Nevangeli—Ntulikazi 1 – 7	14
3	Ubunye Bevangeli—Ntulikazi 8 – 14	22
4	Ukulungisiswa Ngokukholwa Kuphela---Ntulikazi 15 -21	30
5	Ukukholwa KwaseTestamenteni eliDala—Ntulikazi 22 – 28	38
6	Ubumqoka Besithembiso—Ntulikazi 29 – Ncwaba 4	46
7	Indlela eya ekukholweni—Ncwaba 5 – 11	56
8	Inceku Iphenduka Indlalifa—Ncwaba 12 – 18	64
9	UPawulu Wenza Ubizo Lomalusi—Ncwaba 19 – 25	72
10	Izivumelwano Ezimbili—Ncwaba 26 – Mandulo 1	80
11	Inkululeko KuKristu---Mandulo 2 – 8	88
12	Ukuphila NgokoMoya—Ncwaba 9 – 15	96
13	Ivangeli neBandla---Mandulo 16 – 22	104
14	Ukuzibonga Ngesiphambano—Mandulo 23- 29	112

IHhovisi Lomhleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele kwi Web site yethu:
http://www.absg.adventist.org

Principal Contributor:
Carl P. Cosaert

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Umsizi Womhleli:
Soraya Homayouni

Publication Manager:
Lea Alexander Greve

Editorial Assistant:
Sharon Thomas-Crews

Pacific Press® Coordinator:
Wendy Marcum

Art and Design:
Lars Justinen

© 2017 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Akuvunyelwe ukuguqula noma iyiphi inxenye yeSifundo seSikole seSabatha sabadala (Esejwayelekile) noma ishintshwe, noma ilungiselwe ukusetshenziswa kwenye indawo, ihunyushwe, ikopishwe, noma ishicilelwe yinoma ubani noma iyiphi inhlangano ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi enikezwe yiGeneral Conference yama Seventh-day Adventist®. Amahhovisi eDivision yeGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza izinhlelo zokuhunyushwa kwezifundo zeSikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi balezo zihumusho nokushicilelwa kwazo buyohlala kube okwe General Conference. Amagama athi "Seventhday Adventist," Adventist," kanye nomfanekiso wamalangabi, yizimpawu ezibhalisiwe zeGeneral Conference yama Seventh-day Adventis®, kanti akuvumelekile ukuthi zisetshenziswe ngaphandle kwemvume ye General Conference.

Isifundo Sabadala Sesikole SeSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide le General Conference yama Seventh-day Adventist. Ukuhlelwa kwezifundo kwenziwa ngaphansi kokuqondiswa yisigungu seSabbath School Publications Board, okuyikomiti elincane leGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyilona elishicilela izifundo. Izifundo ezishicilelwe ziqukethe umqondo wekomiti lomhlaba wonke elicubungulayo, kanye nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke akuwona nje umqondo wababhali bodwa.

UMartin Luther neyabaseGalathiya

Amaprotestandi emhlabeni azilungisela ukugubha umnyaka ka 500 selokhu kwaqala iProtestant Reformation mhla uMartin Luther—ngokuholwa uMoya oNgcwele—wenekela izigidi zabantu amaqiniso abalulekile eBhayibheli ayekade efihlakele isikhathi eside ngaphansi kwemfundiso yamasiko nemikhuba yenjwayelo. Umuntu angasho ukuthi emakhasini encwadi yabaseGalathiya (kanye neyamaRoma) kulapho kwazalwa khona imvuselelo (reformation) eminyakeni engamakhulu amahlanu edlule! Kwakungesikhathi efunda eyabaseGalathiya uPawulu lapho uMartin Luther wanqwamana khona okokuqala nezindaba ezimnandi zokulungisiswa ngokukholwa, okuyiqiniso elikhulu elachamusela imvuselelo yamaprotestandi, eyakhulula izigidi zabantu ezimfundisweni-ze zamakhulu eminyaka. Lokho uLuther akufunda kulencwadi kwamguqula, kanti nomhlaba awuzange usafana ngemuva kwalokho.

AmaSeventh-day Adventist, emakhulwini eminyaka ngemuva kukaLuther, nawo athola ukusizakala encwadini yamaGalathiya. Ngokufunda incwadi yabaseGalathiya, uE.J. Waggoner no A.T. Jones basiza ibandla lama Adventist ngeminyaka yawo 1880 nango 1890 ukuba liphinde lithole iqiniso lokulungisiswa ngokukholwa.

Yini lena ekumaGalathiya eyenza lencwadi ibe umgogodla wemvuselelo yamaprotestandi? Kwenziwa yini ukuthi ikwazi ukuthinta izinhliziyo zabantu abaningi kangaka, njengo Martin Luther na? Ngendlela engafani nanoma iyiphi enye incwadi eseBhayibhelini, eyaseGalathiya ikhuluma ngezingongoma ezibalulekile emphefumlweni womKrestu.

Kusencwadi yabaseGalathiya lapho uPawulu ethinta khona izihloko ezifana nenkululeko, uqhaza lomthetho ekusindisweni, isimo sethu kuKrestu, kanye nesimo sempilo eholwa nguMoya, kanye nombuzo weminyakanyaka othi "umuntu oyisoni angenziwa kanjani olungilie phambi kuka Nkulunkulu ongcwele nonobulungiswa na? Mhlawumbe kwakuyilombuzo, ngaphezu kwanoma yini enye, eyaqhubezela uMartin Luther kulendlela ayiqala futhi angazange aphinde ayifulathele.

Kuyiqiniso ukuthi nezinye izincwadi, njengamaRoma, zikhuluma ngayo lemibuzo, kodwa eyamaGalathiya yehlukile. Akukona nje ukuthi yona iqonde-ngqo, kodwa izingongoma zayo ezicebile zibhalwe ngezwi lobufundisi elinamandla, nelingeke lehluleke ukuthinta izinhliziyo ezivulekele uMoya kaNkulunkulu, nanamhlanje.

Yize noma incwadi kaPawulu ikhuluma nathi ngamunye, ukuqonda kwethu kungathuthuka uma siqonda isimo sangaleso sikhathi ayebhala ngaphansi kwaso ngokuqhutshwa uMoya oNgcwele. Izazi eziningi zikholwa ukuthi incwadi yabaseGalathiya kungenzeka ukuthi iyona endala kunazo zonke ezikaPawulu, okungenzeka ukuthi mhlawumbe yabhalwa ngo A.D. 49, ngemuva kwe Council of Jerusalem yodumo (Izenzo 16). Kungenzeka ukuthi lencwadi iyona ncwadi yobuKrestu endala kunazo zonke ezaziwayo. Njengoba incwadi yezenzo nabaseGalathiya zibeka ngokusobala, ibandla lazithola lisemzabalazweni oshisayo mayelana nodaba lokusindiswa, kakhulukazi maqondana nabezizwe. Ngokusho kwabanye abazalwane abathile bamaJuda ababaziwa ngokuthi ama Judaizers (ontamo-lukhuni bamaJuda) kwakungenele ukuthi abezizwe bakholwe kuJesu kuphela. Abezizwe kwakumelwe basokwe, balandele nemithetho kaMose (Izenzo 15:1). Akumangalisi-ke ukuthi kwathi lapho uPawulu esungula ibandla labezizwe eGalathiya, abanye balabo ntamo-lukhuni bamaJuda baya lapho "ukuyolungisa izinto." Kwathi lapho lenkinga ifinyelela ezindlebeni zikaPawulu, wasukuma ngentshisekelo. Ngokubona kwakhe ukuthi lelivangeli lamanga lokusindiswa ngokukholwa kanye nemisebenzi lalifuna ukukhinyabeza umsebenzi kaKrestu, uPawulu wabhalela abaseGalathiya ngentshisekelo, evikela ivangeli. Esebenzisa amazwi aqosheme kakhulu, wayidalula lemfundiso yamanga wayibeka obala njengomzamo wokufuna ukusindiswa ngokugcina umthetho. Isifundo salekota sisimema ukuthi sihambe nomphostoli uPawulu njengoba enxusa abaseGalathiya ukuba bahlale bethembekile kuJesu. Ngaso leso sikhathi, iphinde isinike ithuba lokuthi sihlolisise okwethu ukuqonda amaqiniso avula indlela yokuthi uMartin Luther aze ahlukane nebandla laseRoma, nokubuyiselwa kwevangeli laseBhayibhelini.

UCarl Cosaert, PhD, ungusolwazi wezifundo zeBhayibheli eWalla Walla University eCollege Place, eWashington.

Take your spiritual life to a higher level!

Believe His Prophets is a five-year program reading through the Bible and selected writings of Ellen White. Receive daily Bible readings, interactive blogs and select inspirational writings. **#BHP20**

United in Prayer is a dynamic, worldwide movement to pray with others. Share and receive testimonies, prayer ideas, requests, practical helps, and inspirational messages. **#PrayerWithOthers**

Sign up for both **at www.RevivalandReformation.org**

GLOBAL STUDY PROGRAM

Believe His Prophets

Every day in God's Word
and the Spirit of Prophecy

GLOBAL PRAYER CIRCLE

UNITED in PRAYER

Every day in Prayer
with God's People

SEVENTH-DAY ADVENTIST® CHURCH

www.RevivalandReformation.org